**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA UMGWAQO U-P240 EMPANGENI MHLAKA 14 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
Ubukhosi baseMazimeleni;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Abantwana baseNdlunkulu bonke abakhona;
Amalungu esiShayamthetho;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini walapha eMazimeleni nasesiFundeni sasoThungulu sonkana. Wusuku esithe ochungechungeni lwezinhlelo zethu zokuya emphakathini masizohlangana nani sizokuthi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo lapha.

Lezi zinhlelo siziqale kusukela ngo-October wonyaka odlule lapho, njengosiko lwethu kuHulumeni, sinikezela ngokusemthethweni wonke ama-project esesiwaqedile emphakathini. Namhlanje-ke sizokuthi nani mphakathi wasoNgoye naKwaBulawayo yemukelani ingqalasizinda yenu ngokusemthethweni.

Sithathe isinqumo sokwenza lolu hlelo lokudlulisela wonke ama-project asephelile emiphakathini ukuze sikwazi nokuchazela abantu bakithi ukuthi phela ngenkathi singena kulo Hulumeni ngo-2009, sike sabambezeleka ngenxa yenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke, kanti nesikhathi esiningi sithathwe ngamalungiselelo eNdebe yoMhlaba.

Kuthe uma isimo sesiba ngcono sekudlule nayo iNdebe yoMhlaba, njengoMnyango sathatha isinqumo sokuthi wonke ama-*project* emigwaqo namabhriji ayebophezelwe ozakwethu engibalandelayo kulo Mnyango kumele aqedwe ngokushesha adluliselwe emphakathini.

Nalo mgwaqo esiwuvula namhlanje ungeminye yaleyo eyaqalwa kusenguManzankosi uNgqongqoshe njengoba esephethe zona ezokuThutha kuzwelonke manje. Ungeminye yemigwaqo ebaluleke kakhulu esifundazweni sakithi engaphansi kohlelo lwe-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP), olwaqalwa nguye uManzankosi.

Uhlelo lwe-ARRUP lunemigwaqo engu-15 ehlanganisa ngaphezulu kuka-500 km ngemali engaphezulu kuka-R3,7 billion lapha esifundazweni. Kodwa lapha oThungulu sinalo P240 esiwuvula namhlanje, kube uP230 eMandawe bese kuba uP15 noP50 eNkandla.

Isiyonke imali esiyifake kulo mgwaqo u-P240 ingu-R254 million. Usuwonke wona ungu-27.4 km ubude. Siyajabula futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi abalelwa ku-1467 adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha. Kukhona nosonkontileka bakaVukuzakhe abangu-78 abasuka ku-Stage 1 kuya ku-Stage 5 abahlomulile kulo msebenzi.

Kodwa futhi, sithe ngenkathi sidlulisela ama-project asephelile emiphakathini, ngeke siyeke ukulokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona. Bheka nje ngoba kulo nyaka wezimali ka-2011/2012 sifake u-R273.93 million esifundeni sasoThungulu ukuze silwe negebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo yasemakhaya.
Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyayibongela imiphakathi yalapha ngaphansi kwamaKhosi ahloniphekile aKwaZulu, uMzimela, uMpungose, uBiyela noNzuza okuyiyona esihlomule kakhulu lapha.

Siyazi ukuthi imiphakathi yalapha, ikakhulukazi abafundi nothisha bebehlupheka uma befuna ukufinyelela ezikoleni. Lapha kuhlanganisa, Endlovini Primary, Khanyakufikile Primary, Maqwakazi Primary, Sogodi Primary, Umhlathuze Primary, Mthunzini Primary, Ensingweni Primary, Yetheni JP School, Zinqobele Secondary, Hlakaniphani High School kanye neZithume High School. Kuzophinda kusizakale nezindawo zokuvakasha nezinye izindawo zosizo emphakathini.

Njengoba ngike ngasho ekuqaleni, siyaye sithande ukuchaza konke lokhu kubantu bakithi ukuze bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela awafuni ukuxhumana nesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesi sifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

Sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**